VOLUME NO 1, ISSUE NO 1

EZASE ZULULAND

King Dinizulu Highway,
Ulundi, 3838
P/Bag X 81, Ulundi, 3838

May 2008

Zululand Health District Official Newsletter

HEALTH KwaZulu-Natal

# INKULUMO YOMPHATHISIFUNDA WASEZULULAND



UNkk D.T Memela-Umphathi wehhovisi leZempilo eZululand

Ngithanda ukubingelela umphakathi wase Zululand namaphethelo. Ngiyanamukela kuleliphephabhuku lethu lokuqala eliqutheke ulwazi kanye nezindaba ngesifunda sethu kumnyango weZempilo.

Unyaka ka 2007 usudlulile sesiqale unyaka omusha ka 2008 nesinethemba lokuthi uzosiphatha kahle futhi usiphe izibusiso. Labo abadlule ebunzimeni ngonyaka odlule sithi abalale ngenxeba futhi kumele bazi ukuthi uNkulunkulu uyabathanda.

Ngithanda ukwamukela bonke abasebenzi bezempilo kulesisifunda sethu kuzo zonke izibhedlela, imitholampilo, abosizo oluphuthumayo kanye nabamakhaza ngidlulise nokubonga ngeqhaza abalibambile ukwenza umsebenzi wethu ube yimpumelelo ngoba ngaphandle kokuzimisela nokuzikhandla kwabo besingeke siye ndawo. Umsebenzi wenu uyabonakala futhi uyancomeka. Masisebenzeni ngokubambisana ekwenzeni izimpilo zabantu zibe ngcono, sikhumbule ukuthi silwa nezifo silwe nobubha sinike ithemba. Sihlale phezu kwemigomo eyishumi nanye ye Batho Pele

## Masibambisane silwe nesifo soFuba

"Amabomu enziwa ngabantu ngokuyeka amaphilisi abasuke bewanikwe emtholampilo kwenza ukuthi kubhebhetheke isifo sofuba, kuphinde kwande ne MDR nokuwuhlobo lwesifo sofuba okunzima ukuthi selapheke". Lokhu kuvele ngenkathi ungqongqoshe weZempilo kwaZulu Natal ethula inkulumo yakhe emcimbini wokuqwashisa ngesifo sofuba obubanjelwe endaweni yakwaNobamba engaphansi kwesifunda saseZululand. Lomcimbi ubungomhlaka 01 April kulonyaka. Imindeni eyakhele indawo yakwaNobamba ehlaselwe yilesisifo yaba senhlanhleni yokuvakashelwa nguNqgonqgoshe nethimba lakhe nalapho afike ashiya khona amaphasela okudla.

**Silwa nezifo, Silwa nobubha, Sinika ithemba**




**Ungqongqoshe weZempilo KwaZulu Natal uNkk Peggy Nkonyeni ethula inkulumo yakhe emcimbini**

STOP TB

## THE DEPARTMENT OF HEALTH WAS MADE PROUD BY ITSHELEJUBA HOSPITAL (IN PONGOLA) FOR WINNING THE PREMIER'S SERVICE EXCELLENCE AWARDS – SILVER TROPHY

The KwaZulu-Natal Premier Sibusiso Ndebele bestowed the Silver Award to one of the rural hospitals at the Premier's Service Excellency Awards function held in Durban on Friday, 11 April 2008.

The MEC for Health, Ms Neliswa Nkonyeni, was present to congratulate the winners at this prestigious function to recognise the good work and commitment to excellence in service delivery. This is very important at the time when the hard work of health care workers receives the wrath of those who do not understand the challenges that our health system is facing.


Itshelejuba Hospital is along the Swaziland border and serves a number of Swazi citizens who cannot receive health care in their own country.



From Left KZN Premier Dr. Sbu Ndebele, Itshelejuba Hospital Manager Mrs.. Mbali Simelane, Zululand District Manager Mrs. D.T. Memela holding silver award

It intervenes in areas like HIV and AIDS targeting farm workers in the area as well as opening Wellness Centre for Truckers, which is currently operating on temporary structures. It is also an Accredited ARV site which will soon implement the Dual Therapy as part of the revised guidelines for Prevention of Mother-To-Child Transmission.

The Department of Health and the MEC in particular, is proud of all the institutions that entered for the Awards. *"We are hopeful that the people of the province will begin to recognise the significant role that you, health workers, play in building a better life for our rural poor. You have made us proud!"* said the MEC.



Abasebenzi besibhedlela ITshelejuba nomphathi wesifunda kumnyango weZempilo uDT Memela, umphathi wesibhedlela uM Simelane nophethe imiklomelo nalowo owabe eyisikhulumi sosuku uE.E .kaNkosi Shandu

## ITSHELEJUBA IZIHAMBELA YODWA

Lokhu kwacaca ngomhlaka 29 November 2007 ngenkathi lesisifunda kuMnyango weZempilo senze umncimbi wokuzibonakalisa ngemisebenzi emihle eyenziwa izikhungo zeZempilo. Itshelejuba yaphuma phambili yalandelwa iNkonjeni kanye neBenedictine. Zonke izibhedlela zazibukisile ngalolusuku kwabe sekumele kutonyulwe esihamba phambili.Zonke izikhungo zeZempilo zathola ukunconywa njengoba umphathi wesifunda uNkk DT Memela kanye nesekela lakhe u Nksz T.B.T Dlomo bazamukelisa ngezitifiketi.

Kulomcimbi kwagcizelelwe ukuqiniswa kobudlelwano nokusebenzisana phakathi kwabasebenzi bezempilo ukuze kwenziwe izimpilo zabantu zibe ngcono.

# SIXOXA NGEZITHOMBE

## Kuqwashiswe ngesifo sofuba eZululand-kwaNobama




Ungqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal uNkk Peggy Nkonyeni ethula inkulumo yakhe emcimbini wesifo sofuba obubanjelwe Kwa Nobamba.



Ungqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal ebuka imisebenzi yezinhlangano zosomabhizinisi abancane ngosuku lomcimbi kwaNobamba.




Ungqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal wamukelisa izipho ezifundisa/eziqwashisa ngesifo sofuba emphakathini wakwaNobamba.



Umnumzane Lucky Khumalo osebenza ngabakhubazekile ehlela izinqola zabakhubazekile nezinduku ezabe zizokhishwa uNqgonqgoshe ngalolusuku.



Injabulo ibibhalwe emehlweni kugogo ngenkathi ebona ungqongqoshe engenisa emzini wakhe ongomunye wemizi eyabe isohlwini lokuvakashelwa.



Izikhulu zoMnyango weZempilo zibuka imisebenzi yezinhlangano zosomabhizinisi abancane bendawo ngosuku lomcimbi kwaNobamba.

# Ezemidlalo

## IZINGA LOKUZILOLONGELA EZEMIDLALO LIPHEZULU EZULULAND

**Ukuzilungiselela** imidlalo eyaye ibanjwe uMnyango weZempilo esifundazweni sakwaZuluNatal minyaka yonke, isifunda saseZululand sesiqalile ukuzilolongela lemidlalo. Ikomodi lezemidlalo eliholwa uMnumzane Lucky Khumalo osebenzela leli hhovisi ngokubhekela abakhubazekile lihlele imidlalo edlalwa njalo ngekota (quarter).Isifunda seseZululand sakhiwe ngomasipala abancane abahlanu, lapho kubalwa khona iVryheid,iDumbe, Ulundi, Nongoma kanye nоPhongolo. Isiqaliwe imidlalo yokuzilolonga, lemidlalo iqalewe kumasipala WabaQulusi okwakhe kuwo isibhedlela iVryheid. Ngempelasonto yangomhlaka 19 April 2008, kuhlangane zonke izibhedlela zesifunda eFilidi okuyilapho bezishiyelana khona inkundla ebholeni lezinyawo nelomnqakiswano. enkulu yalemidlalo ukukhetha abadlali abazobumba iskwati seZululand esizodlala emidlalweni yesifundazwe edlalwa njalo ngonyaka. Lemidlalo yesifundazwe iyaye ibanjelwe ezinkundleni zaseRichards Bay. Ngonyaka odlule isifunda saseZululand saphuma phambili kulemidlalo, yingakho kufanele lezi ezinye izifunda zizilolonge ngokukhulu ukuzimisela.

# Zululand Health District Communication Office



Thabisile Ngcobo Senior Communication Practitioner



Sihle Mafambane Communication Officer-Intern

All Health Department staff members, all stakeholders and the Community at large receive my humble greetings. Let me take this opportunity and throw a word of gratitude to my creator Lord Jesus, who has always been by my side all the way up to here. I have been waiting for this opportunity to put my theory into practice. I strongly believe that all this would happen with the help of Ms Thabisile Ngcobo (Senior Communications Practitioner). I have been here for almost three weeks but there is much that Miss Ngcobo has given to me in sharpening me to face the world of Communications. I would like to thank Zululand Health District for giving me this position **(Communication Officer/ Intern)**. Let me assure you that you won't regret your decision of choosing me. I have been longing to get this chance after realizing that people don't know what is happening within this well respected department. So let me tell you that, that has came and gone simple because we have started publishing ***EzaseZululand*** newsletter. The main objective of this Newsletter is to keep you up to date of what is happening within the Zululand Health District, as per the Constitution of S.A. it says, everyone has a right to information which is the right to receive and impart information. We are going to publish this newsletter quarterly and we'll see to it that you always get stories that are of great importance. Let me thank all the Zululand Health District staff for everything that they have done in making sure that this newsletter is published. See you next time on our next issue.

**By Sihle Mafambane-Communication Officer Intern**

**Compiled by Thabisile Ngcobo**

**and**

**Sihle Mafambane**

**King Dinizulu Highway,**

**Ulundi, 3838**

**P/Bag X 81, Ulundi, 3838**

**Tel- 035 8742381**

**Fax-035 8742457**

**Isifunda saseZululand sidlulisa ukudabuka ngokudlula emhlabeni kuka Mnumzane B.J. Masina. Umnumzane uMasina wazalwa zingu–01/08/1960 ezalelwa Emadadeni. Waqala ukusebenzela uhulumeni ngonyaka ka-1993 May 01. Usishiye emhlabeni esesebenzela lelihhovisi njengoMabhalane omkhulu ngomhlaka 13 April 2008. Umnyango udlulisa okukhulu ukudabuka emndenini wakwaMasina nabobonke ebebesondelene naye**